waenesikalo sokuti izwe lake lincane, eti akuwe yini owa tuma uMukulumana uti izwe lako lincane, umuntu angahamba alizungeze ngelanga na? Wati uDinuzulu angisakumbuli noma ngamtyela yini loko uMakulumane, isikati side. Wati mina ngangifuna ukuba indaba le ipenywe. U Mr. Carter wati uyajabulake njengoba ipenywa nje? UDinuzulu wati uti ukupenywa kwendaba loku, umuntu osefile njengami nje, uti ukupenywa kwendaba loku, manje sengi boshwe sengi ngena kowesitatu unyaka ngise jele, kepa lento ngakuluma ngayo ngapambili kwempi yama Bhunu. Kwakuyinto encane nje, kepa isikule yaba into enkulu.

Kube iloku ese wagxobela uMr. Carter ekutini waengabaxoshi ngani abashokobezi e mzini wake abize namapoyisa ababambe na? Wati yena kade ngilinga ukuciza ukuti ngangizityela izinduna, kepa zibaxoshe kubuye kufike abanye bati abapumi ehlatini bona. Futi ngangi landela umkuba wakwa Zulu ukuba abantu abehluliweyo bayekwe bakonze pantsi kwaleyo nkosi abake kuyo. Kwabe iloku ise yagcizelela into ka Carter iti, po, wa ungamtyeli ngani uMiss Colenso ngodaba olwaluzomvula amehlo abone okufanele ukwenziwa na? Wati oka Cetshwayo, ngifisa sengati ungaba nomsa kimi, sengibonisile kuloko ukuti ngaposisa.

UDinuzulu upinde wabuzwa ngu Mahluli Omkulu wati, ake acaze ukuti nembala uBambata azinge yini afike emzini wake okwesibili na? Wapendula wati aqondi ukuti umka Bambata nabantwana bake bangakusho kanjani loko, nokuti kwake kwaba kona umhlangano naye no Bambata ebusuku aqondi noma indaba enjalo babeyiceba ngani loku waebapete kahle, ebapa ukudhla. Wati kwaku ngenakwenzeka ukuba uBambata afike emzini wake okwesibili angakwazi yena loko.

Wati into eyiqiniso ukuti umka Bambata wabaleka nxa ezwa ukuti uDinuzulu usete abashokobezi ababanjwe, nokuba esebambe abayisitupa wabayisa ka Nongoma, waya walandisa iMantshi oku mehleleyo. Lapo uMahluli ebuza ukuti uCakijana wambuza ngesibamu wati akumbuli.

Ubuzwa nje uDinuzulu uhlezi esihlalweni lapo ebukwa kona kahle abahluli, ao Messrs Sir Wm. Smith, Justice Boshoff no Mr. Shepstone. Ute lapo esegcina ukumbuza u Mr. Carter wati imbala mhla u Miss Colenso ekubhalela incwadi eti kuhle uma kukona ababeshokobezile lapo, besulele baye kude ngoba bayafunwa, waengasho ku Cakijana njena? UDinuzulu wati akwaze okwakuse mqondweni ka Miss Colenso, kodwa ucabanga ukuti waetsho kubo bonke abantu. Yati i Attorney General isibhamu sika Sitshitshili sifunyenwe kauye nomgexo wako ndawonye mhla kutolwa izibhamu wati yena angazi luto ngoba ngangi ngeko mhla izibhamu zami z'suka endhlini yami.

Ute lapo ebuzwa ngo Danyela wati uDanyela azange abe induna.

U Mahluli Omkulu ute kuyewa unga qinisile nxa uti akuhlolwe indaba yezibhamu ezingabhaliwe, wati yena ngangiqinisile. Ependula u Judge Boshoff ute impi yabashokobezi yayodhlula ibe kona noma indaba yake yayihloliwe, ngoba abantu babengasalaleli luto naye alushoyo.

U Makulumana ungenile wapika yonke into ofakazi abayishoyo abemelene no Dinuzulu.

U Dinuzulu ubuzwe izinsuku eziyishumi nanye, imibuzo igxile ekutini waengabavezi ngani abantu abebelwa no Mbuso na? Futi igxile ezenzweni zonke zake, eminye ubeyipendula eminye asale esetula nje ati konke loko se ngikucansisele. Ute uJustice Boshoff kuye aboni ukuti u Bambata wamxosha ngoba engenapasi ngoba yena uqobo lwake wabuye watuma u Ngqengqenqe ngapandhle kwe pasi wamyisa kude. Umfo ka Cetywayo use yekiwe ukubuzwa manje, ngiti naye ujabulile lapo abameli namajaji beyeka ukumbuza, ubengene emlilweni wembuzo yamahlakane afundileyo naye ayoze afe engakohlwanga. Bonke ubuhlakane bobumeli buka Mr. Carter ubebukipile bokubonisa ukuti uDinuzulu usecaleni. Sekuyekelwe ezandhleni zamajaji okuningi.

Naye oka Cetywayo ikona ezotela impi yake yawo fakazi, abazosekela amazwi ake awapikayo kuloku abati waekwenza.

## IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

Kuzwakala ukuti umhlangano omkulu wamakosi ose Cape Town, oqondo ukuba kuhlanganiswe izwe, ubambene ngezihlutu mayelana nendaba yokuti ipi lapo kuzoba ikomkulu na. Yebo kuningi lomhlangano osazoke ulwe ngako ungakalihlanganisi izwe, ngoba abantu ezifundeni ngezifunda abayumi ukupatwa kabi.

—o—

Amahemuhemu akulunywa abantu singewalobe lapa epepeni ngoba singabekwa icala. Abcnisa ngokusemhlo tyeni ukuti lendaba yecala lika Dinuzulu isezinhliziyweni zabantu bonke.

—o—

I Synod yama Weseli iboni se isifiso sayo ukuba kuqushwe imfundo yabantu abamnyama. Nempela aluko udaba cludhlula lolo. Siya jabula nxa sibona abefundisi bamabandhla ngamabandhla behlose ukuba umuntu omnyama efundiswe.

—o—

Amakosi akade eshikashikana ngendaba yokuti ko Mkulu kuzobapi kulobu bukosi obusha, aseze aciciyela impandhla ngokuti, i Cape Town ne Pretoria kocazelana lolo ludumo.

—o—

Emgungundhlovu bahlaulise ikula ebelide liziti nwi, nwi, nwi; liti liyingwe, ukubiteka kwalo, obekukuncane kangangoba abelungukazi badiniwe ukukubona. Ayike, loku pela beku ukisimusi wawo nje, beku ngasale sekucinyelwa yini!

Tafamasi M. Stn.
Jan. 12th, 1909.

Nkosi Mhleli:—

Ngi ngo munye wezi bukeli ezazi kona e Tafamasi ngo Kisimusi nango *New* Year. Kepa ke Mhleli ngi tanda ukuba ngenze ubufakazi obuqinileyo mayelana noku hlabelela kwase Tafamasi ngomhla ka 25th, of Dec 1908. Indaba ngizoyi qala kona ku 25th, of Dec. ngize ngiyifikise ku 31st, Dec. 1908. Into eyiqiniso ukuti asoze a pela emhlabeni ngoba kusuka nje nomuntu oyi kolwa eni metembayo abe uqamba amanga. Izingane lezo a kuluma ngazo nina enani ngeko zahlabelela nje kepa ne hlombe lelo elalitshaywa kwakwe nziwa ukuba zinga jabhi izingane, akusiko ngoba zazityo kukanyiswe imilomo nempela njengo kushiwoyo lapa epepeni elindhlule, lowo yena ube zikulumela izindaba zezikundhla nje abazi funayo kodwa bengenama ndhla okukuluma.

Futi okuyi konakona kungi quba ukuba ngipikise lomzalwane ingoba kwaku hlabelela iz'ngane zakubo kwake nezihlobo, kwakuti inxa sekusuka ikwaya (or choir) lezingane ezazi petwe uDingila, simuzwe ese nxapa eti angazi ukuti u muntu anga menza ngani u David ukuba abhunguke ashiye ikwaya leli lisale libe imvaba yeze. Nga pendula ngati mina kuyena uyani hlupa u mona wenu bantu abamnyama. Yini eyona yoniwe u David kuwena? Yisho, uku ngati ngoba ezenu zahlulwa incwadi nibe senizonda eza bantu, kuyekeni loko kuyihlazo elibi. Okuyiqiniso bakiti angili tati ipepa le Langa, kodwa namhlanje imali yoku kokela Ilanga ngendaba yamanga engiwa bonileyo kona ngezwa ngezwa ngi jabha ngendaba yomuntu eyikolwa edhla isitebe seNkosi, noko a qambe amanga anje. Iqiniso lifika muva amanga agijima pambili njenge nkungu yenza emvuleni imvula yona ize ngase nva njalo, cabangeni kango no makolwa inxa nibhalela e Langeni, ninga simeze nipushe amanga nje. Ninga tengi nincenge niyembeze nivune ukupela iqiniso elifunekayo. Niti koya ngamanga enikohlisa ngawo uMhleli?

Amkwazi enizitunisa ngako pambi kwezwe ukuti yikupi umuntu ase abhale indaba aye neke lonke izwe kodwa ingenjalo eqinisweni. Mina ngiyi sihlobo sengane leyo okutiwa yahlula inkunzi endala inkunzi leyo endala amuko nakanye ongase akohlwe iyona uma ike yafika matupa kuleyo ndawo. Nawe Mhleli unga goduka unga tandi luto uma seku kulunywa iqiniso. Tina lapa eTafamasi, singa yibeka imali yetu ngalomfana otiwa uDavid umculisi. Pakati kwe Natal yakiti angika mfumanisi ofana naye angisho ukuti amuko ngiti mina nje ngedwa angizange ngimbone ongase acitye nje ukumfuza.

Ezika New Year.

Kwaku kona amakwaya ayisihlanu amabili epetwe ilo uqweqwe luka Dingila, elinye u Ida Pewa, nelinye uSheleni Kubisa, nalinye uNomasulumane Shame. Bakiti sasiyo hlangana ngoku buka into ka Dingila nawayo amakwaya. Yaqala nge ngoma eti "Good morning" yapinda iti 'Toss it" kwa hlambulula inanzi yesimame. Ngiuge nakubalisa ke Mhleli kwaze kwafika endaweni lapa kwaqama kona ukwahlulwa kwamakwaya aye pikisene nawo emhlanganyele ematatu. Kwezwakala ingxongo yomsindo eyaze yahlula no Mr. Chairman okobane ayitulise. Izintombini ezi izihlobo zalaba abe hlulwayo seziti zizo wa gqatshulela pantsi amabhatyana lawa okuziqenya ngawo, kuzishaya abelungwana. Abanye beti amakwaya amanye uwenze ngamabomu ukuba ahluleke, bati uwenze nge miti, betyo into abangayaziyo neze. Tina singo fakazi kuleli lase Tafamasi Mission, bokuti akuko kwaya elingase licule neli ngabe lipetwe into ka Dingila lapa eTafamasi kiti. Pela uma kupikwa sizo ni mema n'na ba kwezinye izikole ke nizombona pambi kwabaculi izinto zabantu, bangisholo ingoma yabo eti "I sing my song to you and you" sancama.

Imina opipa amanga.

S. N. Shangase.

Mt. Silinda, Mission Station.
January 23rd.

Ngomsebenzi we Vangeli.

Mhleli ngicela isikalana epepeni lako, elidumileyo ngo msebenzi olapa kwelaka Gasa. Lapa e Mt. Silinda izi nhlangoti zombili wokwaka nowe vangeli iSunday School liqinisiwe impela kuza abaningi kulo lipatwa umfundisi Fuller.

Emva kwalo kungene inkonzo ipume ngo 12 o'clock.

Seku hanjwa ke kuyiwa emizini yanga pandhle ko hlwanyelwa lembeu yo sindiso.

Okuke kungi tokoziso kakulu ingoba kuhamba nabo abafundisi uqobo oMfundisi King & Herst, nokoke abantu abadala balukuni bati sizo njenge sikolwe nje babanjwe abafazi nokupuza izona zinto ezinkulu kubona. Noku funda kuya hamba impela usa quba kahle kakulu no Teacher wabo omdala uMr. Njapa umuntu onhliziyo mhlope kulo msebenzi impela, seku buye kwa fika nenkosazana uMiss Clark kungati imfundo ipakamile kuko konke loko. Ngi cela imitandazo kuma Christu nezi konzi naba holi bama bandhla basikulekele ku Somandhla, atele imvula kamoya. Sesike sabona indo da enabafazi ababili ipenduka ngale nyanga efileyo. Kade lomisile nezulu, seliyana manje kukona indhlala enkulu noko asoze safa. Sike sahambela eChikore no Mrs. Njapa kwaba kiti. OMr. & Mrs. Hlanti basamkela ngenkulu intokozo ngo January 1st.

Inganti bale, ngasa qondi uma siyeza noko batokoza ngoku pindiweyo inganti indhlala kwa bulawa imbuzi enonileyo impela sandhla sa shiya pansi nalezo zihlobo zetu eziyisibani lapa Chikore no Mfundisi ne nkosikazi bahola kahle impela sahamba nase zindhlini zamakolwa satokoza kakulu sabona uku ti liya hamba Ivangeli ngoba kona seku kona amadoda amadala nezalukazi abakolwayo izindhlu zabo zinokukanyana okugcono kakulu. U Gasa uyaqubeka. Sahlala izinsukwana ngashesha ngapindela mina nga mshiya kona uMrs. Njapa ngemilenze yake eyayi buhlungu. Kwa hambe kungi camangisa endhleleni ngo msa wabazalwane lapa ngi hlangana nabantu abaningi abahamba be funa ukudhla abanye benga kutoli umunyu omkulu ngime ngidabuke longi hamba namantombazana amabili nomfana. Amakosikazi amabili amhlope asize abaningi lapa e Silinda kakulu lawa ase jwayelwe abantu ao Mrs. Thompson, Mrs. Fuller. Siya yibonga Inkosi.

H. Mbesa.

## Umzimbha Wethu: Okufanele Umuntu akugonde ngawo

## Rev. A. T. Bryant,

Copyright No. 14.

E! unjaloke umbhobho ohambh'ukudla phakathi kwomzimbha womuntu. Kepha singakathathi ukulanda ukuhambha kwakho lokho 'kudla kusaguduza ngawo lowo 'mbhobho, ake sidle ixoxo ngeyokudla uqobo lwakho.

Ukudla kwethu kambhe ku'ntlo bontlobo kuy'ilolo l'uhlobo luno kuthize kulo okuntulwa umzimbha wethu, khona uyakwakheka, uphile kahle. Konke okusuke kusize kulo wo'msebenzi wokukhulisa nokuqinisa umzimbha wethu, nakhoke ukuphela du esingasho ukuthi kung'ukudla ngempela.

Ayike! olunye uhlobo lwokudla luyabizwa ngokuthi ng'okungezwayo (inorganic,) kungathi okwomhlabathi nje; kukhishwa phantsi emhlabeni, kunge okumilayo, kunge okuhambhayo phezulu kuwo, kungaboli futhi. Nanka amanzi. Nangu usawoti.

Lol'uhlobo nalo luswelekile kakhulu ukuba umzimbha womuntu uphile. Amanzi kambhe ayasweleka kakhulu ukuba ahlambulule igazi, al'enze libe nokugobhoza kahle emithanjeni. Ath'ub'aguquke abe mabi emzimbheni, es'egcwele okubi kwakhona phakathi, igazi libe seliwakhipha njalo ngendlela yomshobingo neyokujuluka, neyokuphefumula; libe selibiza amanye amahle, silipheke ngendlela yokuphuza.

Usawoti-ke kinina ening'aziyo kube y'ilolu l'uhlalwane olumunyu oluthengwa emavinkilini, khona kuphela. Ingani izintlobo zakhe zininginingi. Kukhona usawoti ka'LIME, nosawoti ka'potash, nosawoti ka'iron, nezintlobo ezinye. Zonke lez'izintlobo zika'sawoti zikhona phantsi emhlabatini; ziningi futhi nas'emzimbheni womuntu. Abelungu kabavami ukukhipha zibonakale obala, bathengise ngazo emavinkilini sizidhle zizodwa njengoba bekwenza uhlobo lolo. Nokho umuntu othandayo angazithenga endlini yemithi, ka'khemisi. Pho! zikhona nje emzibheni wethu, zibekwe y'ini khona? Uyazithola phela ngendlela yokudla. Konke okusuke kumila phantsi emhlabathini kuba nazo. Ngobani kuthi ku samila, kube kuzikhotha njalo emhlabathini. Nanka amathambho ethu; 'akhiwe onke ngolunye uhlobo luka'sawoti ka'lime. Y'ingakho lokho ukuba lolo l'uhlobo siyaluswela njalo, lube khona ekudleni esikudlayo. Usawoti ka 'iron into esweleklleyo kakhulu nayo, ngoba ububomvu lobu begazi lethu bubangwa ng'uye uiron lo.

Kodwa-ke iningi elikhulu lokudla kwethu kakusizo izinto zalol'uhlobo. Kung'olunye uhlobo okuthiwa ng'okuzwayo (organic) okubolayo, noma ngabe kuy'imithi emilayo, noma ngabe kuy'inyama yokuy'inkomo. Kepha nalo lol'uhlobo lubuye lwahlukaniswe kabili lulodwa. Okunye kuthiwa okwokubumbh'inyama (flesh-forming); okunye kuthiwe okwokuwunika umzimbha amandla nokufudumala (heat and energy-giving).

Kulula u'kukhuluma ngakho nje ukukhula nokuphila kwomzimbha wethu; kodwa kulukhunyana ukuqonda ukuthi wakhiwa, ulondolozwa kanjani ukuze ungadimde ubune ucimelelo nje ngesikathi. Ayiko! ngaphandhle kwalokho'kudla esesikulumile ngakho, ngisho okungezwayo lokho, njengezintlobo zawosawoti namanzi, umzimbha wethu uy'akhiwa ngazo nazi izinto —uAlbumen, no Casein, no Gluten no Legumen no Fibrin no Syntonin no Gelatin. E! lez'izinto ezokubumbh'inyama ebomvu; kaziwuniki umzimbha amandla, kaziwuniki 'kufudumala, kaziw'enzi amanoni. Zikhona zonke ekudleni esikudlayo. Kazikho zonke kambhe entweni inye nje yokudla —ezinye zibe khona kulol'uhlobo, ezinye zibe khona kulol'hlobo njalo. Ualbumen ukhona yena kakhulu emaqandeni nas'enyameni nas'ezintweni ezimila phantsi. Okumhlope lokhu kweqanda uye yedwa. Wonke umzimbhana wetywele lisachamuselwa wakhiwa ngakho lokho okumhlophe kweqanda. Ucaisen muningi obisini. Imvama yawo amasi lawa, eniwathanda kangaka, uye ucaisen; ushizi-ke othandwa kakhulu abelungu, ingani abantu bayamnengwa, uye ucaisen uqobo lwakhe. U gluten uye owenz'isinkwa sika'fulawa sibe nokuhlangana kahle, ingani esommbhila sibe intlakantlaka kwazis'ukuthi kuwona ummbhila ugluten akakho, ingani muningi kukolweni oyena em'enz'ufulawa. Ubhontyisi nophizi nazi izilimo ezivamie ulegumen.

Ufibrin uvamile enyameni ebomvu nas'egazini. Uma uthatha enkomeni esand'ukuhlatywa elinye igazi, lise'manzi, ulithele enkomishini, ulibeke, kothi ngesikashana igazi lijiye libe, ihlule. Ub'us'uthatha elinye, ulithele lise'manzi kwenye inkomishi, usheshe uliphehle ngesijujo. Kothi uba ususe isijujo, usifumanise sinokuningi okungathi incikinciki ebomvu kunamathele kuso. Ub'us'uyigeza kahle emanzini leyo 'ncikinciki, uyakubona umbala obomvu sowunyamalele, sekusele okungathi izintsiphuntsiphu yezintanjana ezimhloshana zodwa, zihintyekile exhayini. Lezo'ntanjana ezimhloshana ufibrin. Uye phela owenze igazi elikwenye inkomishi ukuba lijiye, libe l'ihlule; ingani leli eliphehliweyo, osekwasuswa kulo ufibrin, kalisoze lajiya lona. Ayike! usyntonin ufumaniseka naye enyameni ebomvu. Ugelatin-ke ukuleyo, nyama ey'inqumunqumu, nas'ezintselweni nas'ezimpondweni zezinkomo.

Lez'izintlobo zokudla zike zibizwe futhi ngokuthi ukudla okuno nitrogen (nitrogenous,) ngoba kuzona ukhona lowo'muthi, ingani kwezinye intlobo, ezingasebenzi ukubumbh'inyama, akakho.

E! ngaphandle kwalez'izinto kakukho okunye okubumbhayo inyama namathambho omzimbha wethu. Kepha kungeze kwaba umzimbha wal'utho ngokusimze kubunjwe nje kodwa; kungaba isidumbhu nje leso. Ngoba thin'abantu sinomzimbha ozwayo. Kunjalo siswele futhi ukudla kwalolo l'uhlobo oluyakuwuzwisa lo'mzimbha obunjiweyo amandla, okubambha nokusebenza nokwenzani, kukhwezele umlilo ovuthayo phakathi kuwo, funa ucime, umzimbha uqande, ubune.

Ayike! ohlotyeni lolu lwesibili olona lubanga amandla nokufudumala nokunona emzimbheni (ngoba phela amanoni lawa ahlangene nawo umsebenzi wokufudumaliswa kwomzimbha), siyabala zonke izinto ezidliwayo ezihlanganisa kuzo nantsi imithi—isitashi, noshukela, nokung' amafutha.

Ingabe nina nithi isitashi y'ilowo'muthi omhlophe wodwa, omesisi abaqinisa ngawo izingubo zabo. Konje nithi abelungu bona basithathaphi ke? Emafwini kambhe? Ingabe emhlabathini, yini? Ayike! umongo wommbhila, namabele nelayisi, kanye nawo amazambhane, namadumbhi, nembhondwe, nobatata, nomanga—imvama yakho konke lokho isitashi nje uqobo lwaso kuphela. Y'iwo phela umgodi abasithapho kuwo abelungu. Kambhe ufulawa lo niy'azi ukuthi uy'impuphu yezintlamvu zika'kolweni, zigayisiswe, kusefwe kukhishwe izimpepha. E! kesithathe incosana yake ufulawa, simbophe endwangwini yolembhu, sibe sesimkhamela esityeni esinamanzi. Kothi emva kwesikhashana sibone amanzi es'enengqubhu emhlophe. Sibone futhi ukuthi okuseleyo endwangwini sekuy inafunafu, sengathi inomfi. E! uye-ke UGLUTEN lo endwangwini, ekade sikhuluma ngaye kuqala. Sibe sesibeka ke isitya esinamanzi, sike sihlale. Inzika le emhlophe esiyakubuye siyifumanise phantsi esityeni, y'iso ISITASHI uqobo lwaso. USHUKELA-KE ukhona ezintweni eziningi, njengas'emfeni, nas'ezintlangeni zommbhila naku'moba, nakweminye imithi emiiningi. Futhi, kasilo uhlobo lunye nje. Lulodwa uhlobo lolo olus'ezintlamvwini zemithi ethile, olubizwa ngokuthi u GRAPE-SUGAR. Lulodwa nalolo l'uhlobo olus'obisini. Nokho zonke intlobo ziba mtoti emlonyeni, nakhona bona ubumtoti bungalingani kuzo zonke intlobo. AMAFUTHA nawo a'ntlobontlobo. Kukhona lawa aphuma emzimbheni wezinto ezihambhayo; kukhona nalawo aphuma emithini emilayo. Amanoni lawa athe xiki nje amafutha; maningi futhi obisini; ningathi ukulu phehlaphehla nje, niwabone eva, eng'umgwagwa. Izalukazi zakini kade zinomkhuba wokuchapha izidwaba zazo ngamafutha ezintlaguva; nabelungu amantongomane neminye imithi layakunyisa uwayela lo.

Zonke lez'izintlobo zokudla, ezinikayo umzimbha amandla nokufudumala, ingani zingenzi l'utho ekuw'akheni, zike zihlanganiswe nga'gamu linye, kuthiwa ukudla okungena'NITROGEN (NON-NITROGENOUS), besho ngoba umuthi lo UNITROGEN, okhona kwolunye uhlobo lolo, usukungekho kulolu. Abanye bathi ng'ukudla okunoCARBON (CARBONACEOUS), ngoba umuthi lo u CARBON uvamile kulol'uhlobo, ingani kwolunye lolo uy'incosana.